# Isingeniso

**Umbiko ovela eJajini uJohann Kriegler onguSihlalo weKhomishane eziMele yoKhetho (IEC).**

Izwe eliphethwe ngendlela yenqubo yentando yeningi lidinga izakhamizi ezikhuthele ukuze lisimame futhi likhule kahle. Bonke abantu baseNingizimu Afrika kufanele bakwazi ukubeka imibono yabo mayelana nokuthi izwe labo kufanele liphathwe kanjani. Khona maduzane nje, bazothola ithuba lokwenza njalo ngokuthi bavote okhethweni lukazwelonke. Kodwa-ke ngabantu ababhalisile kuphela abazokwazi ukuvota.

Lolu khetho akulona olweKhomishane eziMele yoKhetho. Lolu khetho akulona olukahulumeni. Ukhetho lwabantu lolu. Ngolwakho lolu khetho. Akuwona uhulumeni wezwe lo. Lona nguhulumeni wabantu. Ngowakho lo hulumeni.

Uma ungazibandakanyi, uzibambele iqhaza futhi uvote , uzoba yisibukeli. UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika ukunika ilungelo lokuvota. Futhi kungumsebenzi wezakhamizi zaseNingizimu Afrika ukuthi zivote. **Ngiyakugqugquzela ukuthi ubhalise ngalesi sikhathi semikhankaso yokugcina yokubhalisa ukuze ulwenze lube yimpumelelo ukhetho lwakho.**

**Kubaluleke kakhulu ukuthi sibhalise ukuze amagama ethu abe khona ohlwini lwabavoti. Uyacelwa ukuthi leli bhukwana ulifunde abantu abaningi — ikakhulukazi abantu abangakwazi ukuzifundela. Umuntu ngamunye kudingeka abhalise!**

© 1999 Educational Support Services Trust
ISBN 1-919768-04-1

Ukushicilelwa kwaleli bhukwana kwenziwe ngoxhaso lwezimali eziqhamuka kuHulumeni wezwe lase-Norway.

# Bhalisa ukuze uVote!

**Maduzane nje, abantu baseNingizimu Afrika bazothola ithuba lesibili lokuvota okhethweni lwenqubo yentando yeningi.**

Ngabe iyasithokozisa yini indlela ephethwe ngayo iNingizimu Afrika? Ngabe sifuna ukutshela uhulumeni ukuthi wenza umsebenzi omuhle kanye nokuthi kufanele aqhubeke?

Noma-ke ngabe sifuna ukuthi, "Cha! Senibe nesikhathi esiyiminyaka emihlanu yokuthi nisikhombise izinto enikwaziyo ukuzenza, kodwa asithokozile. Sesifuna ukuba nomunye uhulumeni."

Noma ngabe yini esifuna ukuyisho, uma singavoti, kuyalulazeka ukuba khona kwethu. Futhi-ke uma singabhalisi, ngeke sikwazi ukuvota. Kuyinto elula kanjalo-nje.


**Zitholele ukuthi yisiphi isiteshi sokuvota okufanele uye kuso.** Uzokwazi ukubhalisa esiteshini esisodwa kuphela futhi-ke kunokwenzeka ukuthi kungabi yileso esiseduze kakhulu nekhaya lakho. Shayela le nombolo yocingo (yamahhala) ukuze uthole usizo: 0800 11 8000.

Kubaluleke kakhulu kwiNingizimu Afrika ukuthi ukhetho lwesibili lube yimpumelelo. Kudingeka sehlukane ngempela nokungababekezeleli abanye abantu, sehlukane futhi nodlame kanye nencindezelo. Lokho singakwenza ngokuthi senze lokho okusifanele ekwakheni inqubo yentando yeningi eqinile futhi ezohlala isikhathi eside.

Sizobuye silithole futhi elinye ithuba lokubhalisa kusukela **ngo-9.00 ekuseni kuya ku-9.00 ebusuku ngoLwesihlanu mhla ka-29 Januwari, nangoMgqibelo mhla ka-30 Januwari,** futhi-ke **nango-9.00 ekuseni kuya ku-5.00 ntambama ngeSonto mhla ka-31 Januwari.** Kunokwenzeka ukuthi libuye libe khona elinye ithuba lokubhalisa.

**Musa ukuwayeka lawa mathuba okugcina okubhalisa! Khumbula ukuthi, uma ungabhalisi, ngeke ukwazi ukuvota!**

**BHALISA KHONA MANJE UKUZE UKWAZI UKUVOTA NGO-1999**





isiZulu

# Uma ungabhalisi, ngeke ukwazi ukuvota!

**Bacishe babe yizigidi ezingu-20 abantu baseNingizimu Afrika abavota okhethweni lokuqala lwenqubo yentando yeningi kulelizwe ngo-Ephreli 1994.**





Eqinisweni, bangamaphesenti angu-86 abantu abavota kulabo bantu ababengase bavote! Njengoba sesisondela okhethweni lwesibili lwenqubo yentando yeningi eNingizimu Afrika, ngeke sifane silindele ukuthi kungase kwenzeke isimangaliso esifana naleso esenzeka. Umuntu ngamunye kithina kufanele abambe iqhaza ngokukhuthalela ukwakha umbuso wenqubo yentando yeningi ezohlala iqinile isikhathi eside.

**Kudingeke ngani ukuthi sivote**
Indlela eyodwa ebaluleke kakhulu yokuthi sibambe iqhaza ngukuthi sibhalise amagama ethu ohlwini lwabavoti bese sivota.


Zintathu izinto ezibalulekile olwehluke ngazo lolu khetho lwalo nyaka kulolo lwango-1994.

Kulolu khetho:

- uma **ungabhalisile ngeke uvunyelwe ukuthi uvote**
- umvoti ngamunye uzovunyelwa ukuthi **avote esiteshini sokuvota esisodwa kuphela kuleyo ndawo ahlala kuyo**
- kuzoba khona **usuku olulodwa kuphela lokuvota** (hhayi ezintathu njengoba kwakwenzekile ngo-1994).




Ukhetho lokuqala lwaseNingizimu Afrika lwenqubo yentando yeningi lwenzeka ngaphansi kwesimo esingajwayelekile. IKhomishane eziMele yoKhetho (IEC) yaba nesikhathi esincane kakhulu sokuthi yenze umsebenzi onzima kakhulu. Umphumela walokho kwaba ngukuthi saqhubeka ngaphandle kokuba khona kohlu lwabavoti.




*Bhalisa igama **lakho** ohleni lwabavoti.*


**Yibaphi abantu abangabhalisa ukuze amagama abo abe sohlwini lwabavoti?**

Noma ngubani onalezi zinto ezilandelayo angavota:

- umuntu oneminyaka engu-18 noma ngaphezulu
- umuntu oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika
- umuntu onoMazisi oluhlaza onamagabelo (bar coded ID), noma onesitifiketi sokubhalisa sesikhashana. Uma ungenakho kokubili lokhu, faka isicelo kuMnyango wezaNgaphakathi oseduze nawe.

Uhla lwabavoti kubhalwa kulo amagama abavoti kanye nezifunda abazovota kuzo bonke labo bantu abavumelekile ukuvota kulelo zwe. Lona ngumyalelo oqhamuka kuMthethosisekelo wethu, futhi uhla lwabavoti luqinisekisa ukuthi ukhetho lube yimpumelelo ngenxa yalezi zizathu ezilandelayo:

- **Uhla lwabavoti lwenza izwe likwazi ukonga imali**
  Uhulumeni akanayo imali eyizigidigidi zamarandi yokuthi isetshenziswe okhethweni ngoba kukhona izidingo-ngqangi eziningi zabantu baseNingizimu Afrika okungakahlangatshezwana nazo. Uma iKhomishane eziMele yoKhetho yazi ukuthi bangaki abavoti abahlala kuleyo naleyo ngxenye yesifundazwe, izokwazi ukuthi kufanele ikuhlelele kanjani ukusetshenziswa kwezinto zayo ngendlela ezoba nemiphumela engcono kakhulu.
- **Uhla lwabavoti lwenza kube lula kubantu ukuvota**
  INingizimu Afrika ihlukaniswe yaba yizifunda zokuvota ezithi azibe ngu-14 500. Isifunda ngasinye sizoba nesiteshi saso sokuvota. Ileso naleso siteshi sokuvota sizobhekana nabavoti abangeqile ku-3000 ngakho-ke akekho umuntu okuzodingeka ame emugqeni kuze kuphele isikhathi eside noma ahambe ibanga elide kakhulu uma eya kovota.
- **Uhla lwabavoti luqinisekisa ukuhamba kwezinto ngendlela eqotho**
  Abantu bathola uhulumeni ofunwa,yibona ezingeni likazwelonke, esifundazweni kanye nasendaweni futhi akekho umuntu okwazi ukuthi avote kabili.




**Kubalulekile ukuthi lowo nalowo kithina abhalise ukuze amagama ethu avele ohlwini lokuvota.**






## Izimpawu zeSakhamuzi esihambisa izinto ngeNqubo yeNtando yeNingi

**Kufanele sibe ngabantu *abakha* isizwe, akufanele sibe ngabantu abayidonsela phansi inkululeko eyalwelwa kanzima kangaka ngabantu abaningi kangaka baseNingizimu Afrika. Kulula ukukuqonda ukuthi uma senza izenzo zobugebengu, noma-ke uma singayikhokhi intela, ngalezo zenzo sisuke silwa nenqubo yentando yeningi eNingizimu Afrika. Kodwa-ke futhi uma singazihluphi ngokuthi sibhalise ukuze sivote, ngalokho sisuke siyikhinyabeza inqubo yentando yeningi yaseNingizimu Afrika kanye nenkululeko nokusizakala osekulethwe yiyo.**

**Bhalisa futhi uvote**

Ukusimama kwezwe eliqhuba ngenqubo yentando yeningi kusukela esisekelweni sokuthi ngabantu okuyibona bekhetha uhulumeni. Uma singalisebenzisi ilungelo lethu lokuzikhethela, kusho ukuthi siyidonsela phansi inkululeko yethu.




**Yiba wusizo**

Cabanga ngendlela eyehlukile. Yiba ngusomabhizinisi omncane. Sebenza ngendlela eletha ukusizakala.

**Bamba iqhaza ekuphathweni kwezwe**

Yiba yilungu lezinhlangano ezikhona endaweni yakho. Ungakwesabi ukugxeka noma ukubuza amaLungu ePhalamende kanye nawesiShayamthetho sesiFundazwe ukuthi yini ayenzayo.








**Yilwa nobugebengu**
Ubugebengu busilimaza sonke. Siza amaphoyisa nganoma iyiphi indlela ongase uwasize ngayo. Joyina iqembu lokugada indawo yangakini, kodwa akufanele uzithathele umthetho uwubeke ezandleni zakho. Hlonipha umthetho.



**Yiba nguthisha**
Ilowo nalowo kithina kukhona into angakwazi ukuthi ayifundise abanye. Nika abanye abantu ulwazi lwakho kanye namakhono. Wonke umzali unguthisha. Zibandakanye emfundweni yezingane zakho futhi zibandakanye nasezikoleni ezifunda kuzo.

**Zibandakanye**
Joyina inhlangano ekhona endaweni yangakini (kungaba yinhlangano yesonto noma yokufunda, inhlangano yezemisebenzi yezandla noma yokuzenzela, noma-ke kube yinhlangano yezemidlalo). Yiba yilungu lomphakathi elikukhuthalele ngempela ukwenza imisebenzi yomphakathi.



**Khokha intela yakho**
Imali yentela ikhokhela zonke izinhlobo zezinto eziwusizo — ezempilo, amanzi, imigwaqo, ezenhlalakahle, amaphoyisa, kanye nezinye izinto eziningi esiye singazinaki ngesinye isikhathi. Uma singayitheli intela, kusho ukuthi sintshontsha into okuvele kungeyethu. Emva kokuba sesiyithelile intela yethu, kudingeka siqinisekise ukuthi uhulumeni wethu uyazi ukuthi sifuna leyo mali isetshenziswe kanjani.

**Banakekele abanye abantu**
Umphakathi ophumelelayo, oqinile futhi nonempatho uwanakekela **wonke** amalungu awo.

**Nakekela imvelo**
Umhlaba iwona osinika ukudla kanye nezinye izidingo eziningi. Kufanele sikuqikelele ukuthi asiwulimazi. Wonge amanzi. Lokho osukusebenzisile, kufanele ubheke ukuthi yini enye futhi ongabuye ukusebenzisele khona. Tshala ingadi. Zibandakanye emisebenzini yokulondolozwa kwemvelo.

**Nakekela izwe lakho**
INingizimu Afrika ngeyazo zonke izakhamizi zayo. Kungumsebenzi womuntu ngamunye kithina ukubhekela ukuthi izwe lethu lisesimweni esikahle.

# Ngabe usubhalisile?

**Qinisekisa ukuthi uzokwazi ukuvota oKhethweni luka-1999.**


**Bhalisa ukuze igama lakho livele oHlwini lwabaVoti. Izinsuku ezilandelayo zokuvota ngumhla ka-29, 30, kanye nomhla ka-31 kuJanuwari.**

**Kunokwenzeka ukuthi kube khona elinye ithuba lokubhalisa. Hlala uvule amehlo ukuze uzazi lezo zinsuku.**

**Uma ungabhalisi, ngeke ukwazi ukuvota.**

Uma kukhona imibuzo onayo, shayela ucingo kule nombolo (yamahhala):

**0800 11 8000**




Ukushicilelwa kwaleli bhukwana kwenziwe ngoxhaso lwezimali eziqhamuka kuHulumeni wezwe lase-Norway

isiZulu

3715 PAARL POST WEB

